INKULUMO YESABELOMALI SONYAKA WEZI-2010/2011

Sihlalo,

- Mhlonishwa Ndunankulu, Dkt. Z.L Mkhize
- AMalungu Ahloniphkile Esishayamthetho
- Izicukuthwane
- Amalungu Ezokwazisa
- UNsumpa-Jikelele, Izisebenzi eziphezulu zoMnyango Wezemfundo,
- Manene Namanenekazi,

UMnyango uzibekele umbono ohlanganise inhloso kanye nempokophelo enqala engaguquki eminyakeni emihlanu ezayo: UHulumeni ubeke phambili ezeMfundo wazinika indawo ebaluleke kakhulu ohlelweni lweminyaka yawo emihlanu ukwenza ngcono impilo yethu sonke. UMengameli weRiphabhulikhi ukhombisa intshisekelo yakhe kwezeMfundo kanti ukuqokwa kweKwaZulu-Natali enkulumweni yakhe koThishanhloko bezikole abayi-1500 ngonyaka wezi-2009 kwasinika umthamo nesikalo somthwalo wethu njengoMnyango Wezemfundo. Sibekwe saba ngabokuqala ezintweni eziyishumi nambili ezibekwe zaba seqhulwini. Kusemahlombe ethu ukuhlinzeka ngezakhamizi ezifundiseke kahle, ezinamakhono futhi ezithuthuke kakhulu esikhathini sethu sokuphila. Ngakho-ke sibumbene ekuhleleni nasekuphumeleliseni izinhloso ukuze sihlinzeke ngamathuba okufinyelela ngokulingana kwezemfundo eziseqophelweni eliphezulu kubantu baKwaZulu-Natali. Okuxhumene nombono kanye nempokophelo yethu entsha yinhloso yethu enqala yokuqinisekisa ukuthi imiphumela yezemfundo kuwo wonke amabanga yenziwa ngcono kakhulu.

I-ANC, ngesikhathi somzabalazo ibilokhu ithi, “Umzabalazo wenkululeko yezepolitiki eNingizimu Afrika usondelene kakhulu nomzabalazo wemfundo ehlelekile.” (Education in Exile: SOMAFCO, The African National Congress School: ikhasi 5). Sesiyitholile manje inkululeko yezepolitiki kodwa iqiniso esisalokhu sibhekene nalo elokuthi usaqhubeka umzabalazo kwezemfundo. Ngaphandle kokuthi sizibeke ngokucacile izinto ezibekwe zaba seqhulwini kwezemfundo, kusobala ukuthi ithemba lokuba nezwe elithuthukile kuyoba yinto eyiphupho. Kumele sivelele ekufezeni izinhloso engizoziveza ngezansi.

Isabelomali esimiselwe i-Vote 5 singama-**R 29.034 billion**. Sizibophezele ukuhlanganisa izinhlelo ezivele zikhona kanye nezinguquko ukuqinisekisa ukuthi uyasimama umphumela wezemfundo kuwo wonke amabanga.

Uhulumeni olawulwa yimiphumela

Kusemqoka ukuqaphela ukuthi iqophelo eliphezulu lemfundo emazingeni aphansi libekwe laba seqhulwini ohlwini lwemiphumela eyishumi nambili. Maqondana nalokhu, uMnyango Wezemfundo KwaZulu-Natali uzogxila ekufezeni le mikhiqizo elandelayo ngonyaka wezi-2014 – ukuphumelela ngamalengiso eBangeni le-12 okulinganiselwa ezinkulungwaneni ezingama-43 (43 000); amaphesenti angamashumi ayisithupha (60) emiphumela kwi-Numeracy ne- Literacy ebangeni lesi-3 kanye namaphesenti angamashumi ayisithupha (60) esilinganiso semiphumela kwi-Mathematics kanye Nolimi emabangeni lesi-6 nelesi—9. Bonke abafundi abasemabangeni elesi-3, elesi-6 nelesi-9 bazoqala ukubhala izivivinyo ezihlelwe ngaphandle okungumgudu obheke empumelelweni yale migomo ozoqhubeka kusukela nonyaka kuya phambili.

Le miphumela isithwesa umsebenzi omkhulu emahlombe ethu wokwenza lolu hlelo lusebenze. Kumele senze ngcono ingqalasizinda, kudingeka sithuthukise umthamo wothisha futhi silulawule kangcono uhlelo. Sidinga isiqiniseko sokuthi akukho okuyothatha indawo kathisha onekhono egumbini lokufundela.

Ukufunda Nokufundisa

Sekufinyelelwe ekuboneni ngaso linye nezinyunyana zothisha ukuqinisekisa ukuthi othisha baba semagumbini okufundela ngesikhathi befundisa nokuthi uMnyango unikezela ngokweseka okubalulekile, ikakhulu ezingeni leHhovisi Lesifunda kanye nasezikoleni. Okusemqoka endleleni yethu esizoyilandela ukuthi oThisha kumele bafike benogqozi lokufundisa, abafundi bafike bekulungele ukufunda kanti nabazali kumele babe netshisekelo ngemfundo yezingane zabo. Ngithanda ukuveza ukuwuthakasela kwami umsebenzi owenziwa yiThimba Elijutshiwe elakhiwe yi-CTU SADTU kanye ne-CTU ITU kanye nezisebenzi zomnyango ngenyanga kaMasingana wezi-2010 ozophela ekupheleni kwenyanga kaMbasa wezi-2010. Babe nenqubekela phambili maqondana nalokhu;

- Ukuguqulwa kwezikhala zomsebenzi zesikhashana zibe ngezigcwele,
- Ukutshalwa kabusha kothisha abangaphezu kwesibalo,
- Ukugcwalisa koMnyango zonke izikhala zomsebenzi ezikoleni,

- Ukutholela othisha abangondingasithebeni izikhala zomsebenzi,
- Ukwenyuswa nokwehliswa kwamazinga ezikole.

Izingane eziqhamuka ezindaweni zasemakhaya nasemakhaya ahlwempu kumele zithole amathuba alinganayo nezingane eziqhamuka ezindaweni zasemadolobheni nasemakhaya anothile okubona ukubaluleka kwesikole kanye nawokuphindelela zibamba iqhaza elibalulekile kuzo zonke izinhlaka zomphakathi. Ezemfundo eziseqophelweni elingelihle azandisa kuphela ubunzima kulabo abavele bencisheke amathuba, kepha zibukela phansi nezifiso zezwe lethu lonke. Izikole ziqashwe ngelokhozi ukuqinisekisa ukuthi uhlelo lokufunda olulandelwayo luyahambisana nesikhathi esisetshenziswa emagunjini okufundela nokuthi lokho kuhlola kusezingeni eliphezulu. Ukufundisa, ukufunda isikhathi esisetshenziswa emsebenzini kanye nokuhlola kumele kusatshalaliswe kuzo zonke izikole zethu.

Ukubandakanyeka kwamaKhansela kanye naMalungu Esishayamthetho kungumphumela omuhle okhomba iqhaza lokukuqapha futhi okhombisa ukuthi likhona ithuba lokusebenzisana. Ngiyaphinda ngimema aMalungu Ahloniphekile ukuba aphinde enze okufanayo ngenyaka kaNtulikazi walo nyaka, uma seziphinde zivulwa izikole emva kwamaholidi amade asebusika. Amathimba Okuphathwa Kwezikole (SMT) asemqoka ekunikezelweni kokufundisa okuseqophelweni eliphezulu kumbe azobonakala esemqoka.

Ukuthuthukiswa Kwezingane Ezisencane

Ukuthuthukiswa Kwezingane Ezisencane kumele kube ngenye yezingxenye okugxilwa kuzo uma kumele kwenziwe ngcono imiphumela Kwezemfundo ukufinyelela emazingeni ahloniphekile okukwazi ukufunda nokubhala kanye nokubala. Ukufinyelela kukawonkewonke eBangeni R (Grade R) kuzosuselwa kumaphesenti avele ekhona angama- 93 kuye kumaphesenti angama-95 esifundazweni ngonyaka wezi- 2014. Kumaphesenti angama-85 ayinhloso yoMnyango ahlelelwe ukufinyelela eBangeni R (Grade R) akhonjiswe kwi-White Paper sekwedlulwe ngama-5. Kuhlelwe ukuthi kwakhiwe amanye amagumbi okufundela angama-60 ngonyaka wezi-2010/11 kanti lokhu kuzokwenyusa inani labafundi eBngeni R lifinyelele ezi-180 992.

Nonyaka sizohlinzeka ngamazinga nemigomo okugxile kakhulu ekuxhasweni kwezikole ezaziwa njengezihlwempu ngokuphelele (100%) kweBanga R ezikoleni ezisezingeni loku-1 kuya kwelesi-

5. Inkokhelo evele ikhona yabafundisa iBanga R izokwenyuka isuka ezi-R2500 iya ezi-R3000 ngenyanga. Inani lemifundaze labafundisi bezingane ezineminyaka esukela ezinyangeni (0) kuya eminyakeni e-4 lizokwenyuka lisuka ema-604 ngonyaka wezi-2009/10 liya e-1000 ngowezi-2010 ukuze kwenziwe iziqu ze-ECD izinga lesi-4. Isabelo sokuThuthukiswa Kwezingane Ezisencane singama- **R598, 6 million** kulo nyaka wezimali. Sibonga kakhulu kwabesilisa nabesifazane emiphakathini yethu abanesandla kulo msebenzi.

Amakolishi Emfundo Ethe thuthu kanye Nokuqeqeshwa

Sihlalo, uzokhumbula ukuthi kusungulwe omunye uMnyango Wezemfundo Ephakeme Nokuqeqeshwa ukuze kugxilwe ekuthuthukisweni kwamakhono ezweni. Isikhungo Sezemfundo Ephakeme, Amakolishi Ezemfundo Ethe thuthu Nokuqeqeshwa (FET), Ezemfundo Nokuqeqeshwa Kwabadala (ABET) kanye Nezinhlangano Zomkhakha Wezemfundo Nokuqeqesha (SETAs) sekuzoba ngaphansi koMnyango owodwa. UMnyango wesifundazwe uzophatha amakolishi e-FET kanye ne-ABET njengohlelo lokwelekelela kuze kumiswe umthetho olawula lezi zinhlaka ukuze zibe sezingeni likazwelonke.

Kunezinselelo ezimbalwa njengamanje emaKolishi ethu e-FET, sidinga ukusebenzisana ukubhekana nazo. Lokhu kuhlanganisa ukubhekana nezindaba zezisebenzi ezisalele emuva kanye nobunzima ngesabelomali. Kunezinselelo ezidinga ubuholi obuphusile kanye nokubekezelelana ngale kwengcindezi nodlame.

Amakolishi e-FET azokwabelwa izibonelelo ezizokwenganyelwa nguMnyango. Njengengxenye yesu lokusebenza lomnyango wethu lokukhuphula umphakathi, sinikezela ngamathuba kwabangasekho ezikoleni okuthi baqhube izifundo zabo ngaphansi kohlelo lokuthuthukiswa kwkamakhono olwenziwa emakolishi ethu e-FET. Isabelo samakolishi e-FET singama- **R470,1 million**. Sihlalo, besinethemba lokhuthola okungaphezulu kunalokhu. Ngonyaka wezi-2014 kucatshangelwa ekutheni abafundi abayizinkulungwane eziyikhulu nakunye namakhulu angamashumi ayisithupha namashumi ayisihlanu nanye (101, 651) bazoqeqeshwa eziNhlelweni Zezobunjiniyela emaKolishi Ezemfundo Ethe thuthu Nokuqeqesha (FET).

Ezinye izinkulungwane eziyishumi nantathu amakhulu ayisithupha namashumi amabili nesithupha (13 626) zabafundi bazoqeqeshelwa iziNhlelo Zezokumaketha. Ukuqeqeshwa kuzokwelulelwa ezinkulungwaneni ezimbili amakhulu angamashumi ayisishiyagalombili namashumi ayisishiyagalolunya nesishiyagalolunye (2, 899) eziNhlelweni Zezokuphatha kanye namashumi amathathu nanhlanu ezinkulungwane amakhulu ayisithupha namashumi ayisishiyagalombili

nantathu (35,683) eziNhlelweni Zokuphathwa Kwehhovisi. Eminyakeni emihlanu ezayo uMnyango uhlela ukuba nabafundi abayizi-13,100 ngaphansi kohlelo lokuqeqeshela emsebenzini emaKolishi e-FET emiphakathi.

I-ABET, iMasifundisane kanye ne-Kha Ri Gude

UMnyango uyaqhubeka nohlelo lwawo lokuqeda ukungakwazi ukufunda nokubhala kubantu abadala esifundazweni. Nonyaka sizokwenyusa inani lothisha abaqashwe eziKhungweni Zemfundo ka-ABET emphakathini sifinyelele ezi-6 000 ukuze zikwazi ukufundisa abafundi abayizi-51 420 ababhalisile. Inani leziKhungo Zabadala emphakathini nalo lenyukele ezi-1106. Isabelomali se-ABET senziwe ngcono safinyelela ema- **R138, 8 million**.

Umbono wethu ngomkhankaso wokufundisa ukufunda nokubhala esifundazweni, iMasifundisane, lapho kufundiswa khona abantu abadala ukufunda nokubhala, ukubala kanye namakhono kwezezimali kodwa inhloso kungesikhona ukuthi bafinyelele ekutholeni iziqu ezithile uzokwenatshiswa ukuze ufinyelele kubantu abadala abangafundile esifundazweni ababalelwa ezi-87 000. Abafundi abayizinkulungwane ezintathu sebekhombise intshisekelo ekubhaliseni ezingeni loluqala le-ABET nonyaka. Isabelomali esibekelwe umkhankaso kaMasifundisane ngama- **R46, 8 million**.

Uhlelo oludidiyelwa kuzwelonke lokufundisa abadala ukufunda nokubhala olwaziwa nge-Kha Ri Gude selwenyuse inani yabantu abadala asebekwazi ukunda nokubhala esifundazweni. Izinhlelo ezimbili sezihlanganisiwe zaqiniswa ngamandla ukuze zigxile ekubhekeleni inkinga yokjungakwazi ukufunda nokubhala kwabantu abadala.

Ingqalasizinda

UMnyango uyabona ukuthi ukufakwa kakhulu kwemali esikhathini esimisiwe kuyinto ephusile nelindelekile uma kumele silwe nenkinga yokusilela emuva kwengqalasizinda. UMnyango uyaqhubeka nendlela yawo yokuhlanganisa izinto eziningi ukubhekela ukusilela emuva ekuhlinzekeni ngamagumbi okufundela, amahhovisi ezokuphatha, izindlu zangasese, amakhompyutha kanye nama-laboratory ezesayensi nezikhungo zezokwasiza. Kulo nyaka wezimali isamba sama- **R2 031 billion** sibekwe eceleni ukuze kwakhiwe ingqalasizinda.

UMnyango uhlose ukwenza le miklamo elandelayo;

- Izikole ezintsha ezingama- 20, lokhu kuhlanganisa izikole eziyisi- 9 ezingazange zakhekhe nyakenye.
- Amagumbi ajwayelekile okufundela ayizi-2000 kanye namagumbi okufundela okwenza izinto ezehlukene angama- 60.
- Ama-laboratory angama- 60, imitapo yolwazi, izikhungo zamakhompyutha kanye nezikhungo zokondla ngokudla.
- Izikhungo zezokuphatha ezingama- 300 ezinamahhovisi, amagumbi okulondoloza kanye namagumbi ezisebenzi.

Kuzohlinzekwa ngamanzi ezikoleni ezingama-200 kubuye kwengezwe ngezindlu zangasese ezizokwakhiwa eziyizi- 3200 bese kufakelwa ugesi ezikoleni ezingama- 200. Izikole eziyikhulu (100) zizofakelwa ucingo lokubiya olusezingeni.

Isamba sama- **R26 million** sibekwe ngokusemthethweni ukuthi sitshalwe kabusha kuma-boarding school amane ayencisheke amathuba ngokomlando, okuyiMlokothwa, iSiyamukela, i-Vryheid Comprehensive kanye ne-Escourt High. Lesi samba sengeziwe kwisabelomali sengqalasizinda futhi singabuye sisetshenziselwe ukubhekela ezinye izidingo zokulungiswa okuphuthumayo kwalezi zikole. Ukuwa kwesikole esisodwa kuyayiqeda nya indaba yokuthi kunezikole ezingcono noma ezisesimweni esihle.

Njengengxenye yomzamo Kazwelonke Wokuthuthukiswa Kwamakhono, zingamashumi amathathu nambili (32) iziKole Zamabanga Aphezulu Zezobuchepheshe eziqokelwe ukuthi kutshalwe kabusha kuzo izimali KwaZulu-Natali. Izikole eziseqhulwini kulo mklamo wokutshalwa kabusha kwezimali okwamanje yilezo ezihlinzeka ngezifundo kwezokukhiqiza, ezobunjiniyela kanye nezobuchwepheshe, ezolimo kanye nezamasiko nobuciko. Lezi zikole zizohlomula ngempahla entsha kanye/ noma ngengqalasizinda ngaphansi kohlelo olusha olusanda kwethulwa olwaziwa nge-Technical Secondary Schools Recapitalisation Grant.

Kuzosetshenziswa isamba sama- **R15 million** ekutshaleni kabusha izimali lokhu kuzoholela ekwenyukeni okufinyelela ema- **R 40 million** ngonyaka wezimali wezi-2010/13.
Ngenxa yokwanda kwabazoqala eBangeni R esifundazweni ingcindezi isinkulu emthamweni wengqalasizinda. Isibonelelo sengqalasizinda esabelwe izifundazwe sizoqinisekisa ukuthi kwakhiwa amanye amagumbi okufundela angamakhulu amabili (200) eBanga R ngonyaka wezi-2010/11 futhi lokhu uma kuhlanganiswa namagumbi avele ekhona kuzobhekelela abafundi abaneminyaka emihlanu abangamaphesenti angama- 95 esifundazweni. UMnyango

esisebenzisana nawo wezeMisebenzi Yomphakathi kumele uselekelele ekugcineni isithunzi sethu maqondana nokuqoka osonkontileka abanekhono bese uphinde uba yihlo kubona. Sizokwenza okuqondene nathi ngokuthi siqaphe yonke imisebenzi Yemiklamo yezeMfundo eyenziwa nguMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi esifundazweni sonke.

Izinselelo Ngengqalasizinda

Iningi lezikole ezahlaselwa yisichotho esinamandla zisezindaweni zasemakhaya futhi imiphakathi isize yazakhela zona, eminye ngaphandle kosizo. Kusukela ngonyaka wezi- 2008 izikole eziyizinkulungwane ezinhlanu namashumi amahlanu nanhlanu (555) zalinyazwa kanti lokhu kuzobiza ama- **R 234 million** ukuzilungisa. Lokhu kungaphezu kwesimo sokusilela emuva ngengqalasizinda yamagumbi ajwayelekile okufundela ayizi- 7,550 (engabaliwe amagumbi okufundela ayisipesheli), izindawo zokuhlala ezindlini zangasese eziyizi- 9, 936 kanye nezakhiwo zezokuPhatha eziyizi- 3, 435.

UMnyango uqale uhlelo lokubhekelela izidingo zengqalasizinda yezoLwazi, Ukuxhumana Nobuchwepheshe (ICT) ezikoleni. Kuzokwakhiwa ama-laboratories ayikhulu (100) e-ICT.

UMnyango nonyaka uhlela ukufaka ama-imeyili ezikoleni eziyinkulungwane (1000). Kusukela ekufakweni kwama-imeyili kucatshangwa ukuthi izikole zizowasebenzisa kakhulu njengensiza kwezokuphatha kanye nokuphathwa kwamahhovisi, futhi njengensiza yokufunda nokufundisa. Kuyasithokozisa ukusebenzisana kwethu noNgqongqoshe Kazwelonke Wezemfundo Emazingeni Aphansi kanye nokuzimisela kwakhe ukuphuthumisa imizamo kwezengqalasizinda makufika unyaka wezi-2011.

Ukuthuthukiswa Kothisha

Ukuthuthukiswa kolwazi loThisha kuthathwa njengesithako esisemqoka ohlelweni lokwenza ngcono iqophelo lezemfundo esifundazweni. ISitatimende Sohlelo Lokufunda Nokufundisa Sikazwelonke sigxile kakhulu ekwandisweni kwamasu okusebenza okuthuthukisa indlela yokufunda nokufundisa, ukuhlelwa kwezifundo nokuhlolwa kanye nokuphathwa kwamagumbi okufundela. Ukuthuthukiswa Kwamakhono Othisha kumele kube yingxenye eyisidingo esikhulu kunezinye.

Kunokuxhumana phakathi kwezinga lokwenziwa ngcono ngokwamaphesenti kanye nokwesekwa okunikezelwa ngabeluleki bezifundo ukuhlinzeka ukwesekwa kothisha. Kunohlelo oluqhubekayo lokuthuthukisa othisha kanye nokwenza ngcono izinhlelo ngokuthi kukhishwe imifundaze yokuqalisa ukuthuthukisa othisha. UMnyango uhlinzeka ngemifundaze kubafundi abangama- 221 yenani lama -**R 9, 2 million** emikhakheni eswelekile njenge-Mathematics ne-Physical Science ezinhlelweni ezandulela ukufundela ubuthisha; i-Post Graduate Certificate Kwezemfundo (PGCE) kothisha abayi-100 abangakuqeqeshelwe ukuba othisha senani lama- R2 million; iDiploma Kwezemfundo (NPDE) kothisha abangaqeqeshiwe abangama- 619 yenani lama- R 4, 9 million. Inkinga ukuthola amathuba okuqeqeshwa kanye nokuthuthukisa othisha abangaqeqeshiwe abaneziqu zasekolishi emikhakheni yobuchwepheshe.

Kulo Nyaka Wezimali, othishanhloko abangamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili (480) bazobhalisela i-ACE Kwezobuholi kanye Nokuphatha ngenani lama- R 9,6 million. Sizokhuphula inani lalabo abanemifundaze ye-ACE ngamakhulu amane (400). Ukuqeqeshelwa uhlelo lwe-ACE ezifundweni ze-Mathematics ne-Physical Science kuyenziwa eNyuvesi yaKwaZulu-Natali kothisha abangama-300 ngenani lama- R6 million.

UMnyango njangamanje uzama uHlelo Lokulekelela Ukufundisa (TAP) Emabangeni Aphansi ukwenza ngcono i-literacy kanye ne-numeracy ezikoleni zasemakhaya. Sekuqashwe aBasizi Kwezokundisa abangamakhulu ayisithupha (600) ezikoleni ezisezindaweni zasemakhaya. Kucatshangwa ukuthi uhlelo lokusiza othisha ekugcineni luzohlonzeka ukulekelela ekufundiseni ngamaphuzu okubhalisela ukuthola iziqu zobuthisha e-HETI, izingxoxo phakathi komnyango nama-HETI ziyaqhubeka ukuze kuphothulwe lolu daba ngaphambi kokuphela kwalo nyaka wokufunda.

Ukuhambisana nokuzibophezela kukaMengameli ekwenzeni ngcono iqophelo lokuphathwa kwezikole kanye nokweseka umbono kaNgqongqoshe Wezemfundo Kuzwelonke Emazingeni Aphansi wokuthi "…*isikole sivuswa kumbe siwiswe ubuholi baso*…"; uMnyango sewuqale uhlelo lokulinga ezikoleni ezingamashumi amahlanu (50) nakwiziMenenja Zamawadi eziyisithupha oHlelweni Lokuthuthukisa Ezokuphatha Kothishanhloko (PMDP). Inhloso yalolu hlelo ukuthuthukisa amakhono othishanhloko bezikole okuphatha izikole zabo kanye neziMenenja Zamawadi ukuze zikwazi ukweluleka. Ilinge lohlelo okwakusebenzisana kulo uhulumeni nabamabhizinisi abazimele (PPP) kanye nenhlangano ehlanganisa i-J & J Projects Foundation, Professional Solutions Africa (PSA) kanye neNyuvesi yaKwaZulu-Natal ngezindleko zama-

R400.000 akhishwa nguMnyango kwathi ama- R500.000 akhishwa yi-J & J Projects Foundation laphothulwa ngenyanga kaLwezi wezi-2009. Ngonyaka wezi-2010 , umnyango uzoqinisa izikole ezingama-50 ngohlelo lokweluleka lwenani lama- R500 .000 uphinde uqalise ukusebenza kohlelo lweminyaka emithathu olubhekiswe kothishanhloko abayizi- 1710 kanye neziMenenja Zamaqadi eziyi-190. Nonyaka othishanhloko abangama-570 kanye neziMenenja Zamawadi ezingama-63 bazoba yingxenye yohlelo lenani lama- R10 million kuhlanganisa nama- R1 million anikelwe ngabazimele.

Othisha abangamakhulu amabili namashumi amane (240) bazobhaliselwa ukufundela iziqu ze-Diploma ezifundweni zokusebenza eMtapweni Wolwazi Ezikoleni eNyuvesi yaKwaZulu-Natali ngesamba esingama- **R3 million.**

Isidingo Nokunikezela Ngothisha

UMnyango ubhekene nengwadla yokushoda kothisha, ikakhulu ezifundweni ezingumhlahlandlela njenge-Mathematics, Science kanye ne-Accounting, Ulimi Lwebele, ikakhulu eMazingeni Aphansi. Silahlekelwa ngothisha abalinganiselwa ezi-3000 ngonyaka ngenxa yokushona, ukuthatha umhlalaphansi kanye nokwesula emsebenzini. Ukunikezela ngothisha abaqhamuka emkhakheni Wemfundo Ephakeme esifundazweni kungaphansi kothisha abayinkulungwane (1000) ngonyaka. Ngohlelo lwemifundaze yokufundela ubuthisha oluqhutshwa kuzwelonke, uMnyango ukwazile ukuqasha othisha abasha abaqeqeshiwe abangama-347 ezikoleni zasemakhaya kanye nakulezo zingxenye zezifundo ezishodelwa ngothisha.

Kudingeka kuqalwe uhlelo lwezingxoxo eziqinile noMnyango Wezemfundo Ephakeme ukuze kutholakale isixazululo esisheshayo kule nkinga. Kwaba neNgqungquthela kazwelonke Yokuthuthukiswa Kothisha ngenyanga kaNhlangulana wezi-2009 njengengxenye yezingxoxo eziqhubekayo ezingeni likazwelonke., kunamathimba amane asebenza ukuphothula isu lokusebenza likazwelonke lokuthuthukiswa kothisha. Yize silithokozela isu lokusebenza likazwelonke lokuthuthukiswa kothisha, nokho uMnyango sewusungule uhlaka lwesu lokusebenza lesifundazwe leminyaka emine lokuthuthukiswa kothisha elihlanganisa ukuqeqeshwa kokuqala kothisha, ukuqhubeka nokuthuthukiswa kwezobuchwepheshe kanye nokuqashwa kothisha. Leli su lokusebenza lizoba yingxenye yesu lokusebenza eliphelele likazwelonke. Okwamanje kunohlelo lokuqasha othisha abavela emazweni angaphandle kanye nokugqugquzela labo abaneziqu zemfundo ephakeme ukuthi bathathe ubuthisha njengomsebenzi abangawenza.

Amaphesenti ayisishiyagalolunye (9) othisha bethu basebenza esiFundeni sasoBonjeni kuthi amaphesenti angama-35 kubo abanazo iziqu. Izifunda zasemakhaya yizona ezithinteka kakhulu ngokushodelwa ngothisha abaqeqeshiwe. Izingxoxo esinazo noMkhandlu Wongqongqoshe Bezemfundo, ukuze kutholakale izixazululo ezinkingeni zokudingeka kanye nokunikezela ngothisha, ziyethembisa, njengokuthi nje uMnyango Wezemfundo Emazingeni Aphansi usungule igatsha eligxile kakhulu ekuthuthukiseni othisha, okuwuhlelo okumele silweseke sonke. EMnyangweni wami sihlela ukwandisa umthamo wohlelo lokuthuthukiswa kothisha ngokuthi sibuyekeze umumo womnyango wethu. Okunye okudingidwa ezingxoxweni ukuthi umnyango ubhekele ukusungulwa isikhungo sokuqhubeka nokuqeqesha othisha kwezobuchwepheshe.

Izincwadi Zokufunda Nokufundisa (LTSM)

Umgomo osemqoka ekuhlinzekeni ngezemfundo wukufinyelela kumaphesenti angama-99.7 ekunikezeleni ngesikhathi i-LTSM kuzo zonke izikole ezingekho ngaphansi kwesigaba 21. Lapho lokhu kungenzekanga khona kwaba ngenxa yabasabalalisi bempahla abaphelelwa yisitokwe. UMnyango uzoqhubeka nokuhlinzeka i-LTSM kuze kufike isikhathi lapho umfundi ngamunye enencwadi yesifundo ngasinye esifundwayo futhi nothisha benezincwadi ababukela kuzo abazisebenzisa ekufundiseni. Maqondana ne-LTSM iyonke, kuzoya ngobuningi bokuyifanele imali kanye nenani lezindlela ezisetshenziswayo ezingeni likaZwelonke.

Ukusebenzisana

UMnyango uyavuma ukuthi ubhekene nengwadla yokushoda komthamo kumbe kwezinsiza zokubhekana nazo zonke izinselelo obhekene nazo okwamanje. OMasipala sebehlonzwe njengabalingani abasemqoka kwezemfundo maqondana nokwenza ngcono ukunikezelwa kwezidingo emiphakathini ezindaweni zabo zokusebenza. Isivumelwano Sokuqondisisa (MOU) sasayinwa phakathi koMnyango kanye noMasipala waseThekwini nowaseNtambanana. Kulindeleke ukuthi iningi lomasipala abangama- 63 nabo basayine izivumelwano noMnyango. Manje sidinga ukusebenza ngokubambisana ngezivumelwano zamazinga okusebenza.

Ezamabhizinisi sezibe nelikhulu iqhaza ekwesekeni ezemfundo esifundazweni ngezinhlelo ezahlukene. Ngifisa ukubonga abamaBhizinisi amakhulu namancane ngeqhaza abalibambile ekwesekeni ngezindlela ezahlukene.

UMnyango unethemba lokuthi maduze nje uzohlangana nabomkhakha ozimele ukuqinisa ubudlelwano. Okwamanje kunengcindezi esinayo ukusebenza kwezikole ngendlela eyiyo ekufundiseni nasekufundeni kanye nasekuhlinzekweni kwe-LTSM yezifundo zezesayensi

emagumbini okufundela. Umuzwa wethu wokusebenzisana ugxila kakhulu kulezi zingxenye ezinengcindezi.

Imiphumela Yebanga Leshumi Nambili

Sihlalo Ohloniphekile, uzokhumbula ukuthi uMnyango ulugcinile uhlelo lwawo lokushaya ibuya. Sewushaya ibuya ngokulandela izinhlelo zokungenelela. Sethule isu lokusebenza loHlelo Lwamaphuzu Ayishumi ukusiza izikole ezintengayo. Ngonyaka wezi- 2009 imiphumela yokuhlolwa kweBanga Leshumi Nambili KwaZulu-Natali ibe ngcono isuka kumaphesenti angama- 58.8 ngonyaka wezi-2008 iya kumaphesenti angama- 61.1 ngonyaka wezi- 2009. Izikole ezisemakhaya ezingenzanga kahle eminyakeni edlule nazo zibonakalise ukwenza kangcono ekuhlolweni. Izikole ezingaphansi kwesiFunda sasoBonjeni, okuyisifunda esihlwempu kakhulu futhi esisemakhaya zithole izinga lokuphumelela elingama- 48.8% ngonyaka wezi-2009 zisuka kuma- 39.3% ngowezi-2008, kanti ezingaphansi kwesiFunda saseMzinyathi zenze kangcono zisuka kuma- 48.9% kuya kuma- 55.9%.

Ukugcina lesi simo, thina njengesifundazwe sesizibekele umgomo wamaphesenti angama-65 kulo nyaka wokufunda wezi-2010, uma kungenzeka sifisa ukufinyelela kumaphesenti angama-80 ngonyaka wezi-2014. Sinxusa zonke izisebenzi, izinyunyana kanye nayo yonke imikhakha yomphakathi ukuba uselekelele ekufezeni le migomo.

Ukungenelela Kumatekuletsheni

Emzamweni wokufezekisa imigomo yethu yokuba nemiphumela engekho ngaphansi kwama- 65% ngonyaka wezi-2010 ekuHlolweni Kwebanga Leshumi Nambili, sesiqalise ukusebenza kweSu Lokusebenza Lamaphuzu Ayishumi. Nonyaka sihlose ukuba nezikole azingama-903 ezine-National Strategy for Learner Attainment (NSLA) ukuze zigxile ekuqaliseni ukusebenza kwaleli su lokusebenza. Lezi zikole zathola imiphumela engaphansi kwama- 60% emiphumeleni yokuHlolwa Kwebanga Leshumi Nambili ngonyaka wezi-2009.

Izimenenja Zamawadi kanye nabeluleki bezifundo bazohambela lezi zikole ukuqapha ubukhona, ukutholakala kanye nokusetshenziswa kweziNcwadi Zokufunda Nokufundisa (LTSM).

Kuzokwandiswa ukwesekwa kothisha. Izimenenja Zamawadi zizoqinisekisa ukuthi ziyahlinzekwa izidingo zokufunda futhi ziyafakwa esikhathini esimiselwe ukufunda kanye nasohlelweni lokufunda nokufundisa ukuze zihambisane nesikhathi esisetshenziswa emagumbini okufundela.

Ukusebenza kwezikole kanye nokusebenza kwemikhandlu ebhekele ukusebenza kwezikole kuzoqashelwa ngokuqhubekayo yizisebenzi zoMnyango kanjalo nezikhulu ezengamele. Abaphathi balezi zikole nabo bazoqashelwa ngelokhozi.

Okusikhathaza kakhulu iqeqebana lezikole ezinemiphumela engaphansi kwamaphesenti angama- 20. Sifisa ukuyiqeda indlela yokuziphatha kwalezo zikole ngokokuziphatha eguquguqukayo kumbe eyehla yenyuke.

Ukubuyekezwa Komnyango kanye Nezisebenzi

UMnyango uhlela ukubuyekeza umumo wawo ngenhloso yokuqhamuka nezinguquko ezinhle zokusebenza kanye nezinguquko endleleni okuhlelwe ngayo umumo ukwenza ngcono indlela yokusebenza ngokuyikho, ngesikhathi kanye nomthamo woMnyango ukubhekela izidingo zokunikezela ngezidingo emphakathini. Kulindeleke ukuthi lokhu kwenziwe ngale kokuphazamiseka kokunikezelwa kwezidingo emphakathini okuqhubekayo. Lilonke nje, sidinga ukuvuselela uhlelo lwezikole zethu kanye nokunikezela ngemfundo eseqophelweni eliphezulu. Umumo womnyango wethu kumele ume ngendlela ezofezekisa izinhloso zethu.

Ocwaningweni lwethu njengoMnyango sivumelene ngokuthi imisebenzi esiyinikezelayo isazoqhubeka nokusondezelwa ezikoleni nasemiphakathini. Sinomuzwa wokuthi lolu hlelo luzosebenza, futhi luhambisane kahle nomumo omusha kunalo okhona manje.

Sezihlonziwe izinto okumele zibe seqhulwini ezidingekayo ukuguqula isimo somnyango, isiko kanye nendlela yokusebenza. Umphumela walo msebenzi ngukunikezelwa kwezidingo emphakathini okuhlanganyelwe ngokomumo womnyango obhekela izidingo. UMnyango uzoqalisa ukusebenza komumo wawo osubuyekeziwe, ubeke eqhulwini izindawo ezisemqoka, ikakhulu lezo ezingenawo umthelela kwezezimali kumbe ezinomthelela omncane. Kuzoba nezinguquko ezinkulu endleleni okuphethwe ngayo amaHhovisi Ezifunda njengendlela yokweseka izidingo zezikole. Miningi imisebenzi okulindeleke ukuthi idluliselwe ezifundeni njengoba kuyizona eziseduzane kakhulu nezikole.

Sihlalo, kuzobekwa eqhulwini ukugcwaliswa kwezikhala zemisebenzi esemqoka kakhulu, ikakhulu lezo ezimayelana nokusebenza kanye nokubaluleka kwezikole ukuze ukwenziwa komsebenzi kukonke koMnyango kuzokwenziwa ngcono. Kuze kube manje kuyacaca ukuthi umnyango unekhono, umthamo futhi uzokwazi ukwenyusela ukuphathwa kwezemfundo kwelinye izinga.

UKUBUSA OKUHLE NEMPATHO EQINILE

Uhulumeni wethu, uholwa nguMgcinimafa, uzibophezele ekulweni nokugwema inkohlakalo ngazo zonke izindlela. UMnyango Wezemfundo ubona ukubusa okuhle kuyinto esemqoka kakhulu. Sifisa ukusungula izinhlelo ezikhombisa ukungayibekezeleli nakancane inkohlakalo, ngisho noma yenzeka ezikoleni kumbe enhloko hhovisi qobo. Sihlalo, angikuveze ukuthi uphenyo mayelana nezinsolo zenkohlakalo okuthiwa zenziwa ngabaphathi abaphezulu, ezaphakanyiswa ikakhulu yi-SADTU, seluphothuliwe kanti- ke imiphumela yalolu phenyo isacutshungulwa.

UMcwaningi Omkhulu Wamabhuku Ezimali, ocwaningweni lakhe langonyaka wezimali wezi-2009/2010 akatholanga cashazi eMnyangweni Wezemfundo, futhi sisazoqhubeka nokwenza kahle. Sibonga siyanconcoza ethimbeni labaphathi abaphezulu, ikakhulu eSikhulwini Esiphezulu Sezezimali (u- CFO). Sizoqinisekisa ukuthi izimali zomphakathi zisetshenziselwa ukuba kuhlomule kuphela umphakathi ohlosiwe.

Impatho eqinile ayilindelekile kuphela ezikoleni, kubafundi kumbe othisha bodwa, noma- ke abantu abahlwempu. Kumele kube yinto ekhona kulo lonke uhlelo lwezemfundo kusukela esikoleni kuya enhloko hhovisi. Indlela yempatho eqinile esiyisebenzisayo ukulawula izimali nabasebenzi bethu kumele iholele ekuqedweni nya kokukhwabanisa nenkohlakalo, ukusebenza ngendlela kwezinhlelo zethu zokusatshalalaiswa kwempahla, kanye nokuthola okuyifanele imali ezinkontikeleni zomsebenzi esingena kuzo. Njengamanje sisabhekene nokusilela emuva emacaleni okuqondiswa kwezigwegwe kubasebenzi ababhekene nezinhlobonhlobo zamacala okungaziphathi kahle. Sidinga ukusiqinisa lesi sinyathelo sokuphoqa abasebenzi bethu ukuthi bakwazi ukumelana nezenzo zabo. Leyo- ke impatho eqinile Sihlalo.

I- SA SAMS ne- LURITS

Ukwenza ngcono uHlelo Lokuphathwa Kwezemfundo Nolwazi ezweni, uMnyango Wezemfundo kuZwelonke sewusungule uHlelo Lukazwelonke Lokulawula Nokuphatha Lwezikole ZaseNingizimu Afrika (i- SA SAMS) kanye noHlelo Lwamarekhodi Emininingwane Nokuhlonzwa Kwayo Lophiko Lwabafundi (i- LURITS). I- SA SAMS iluhlelo olunamandla lwekhompyutha olusungulwe ngokuyisipesheli ukubhekelela izidingo zezikole zomphakathi zezokuphatha, ukulawula kanye nokubusa. Ukuqiniswa koHlelo Lwamarekhodi Emininingwane kanye Nokuhlonzwa Kwayo Lophiko Lwabafundi (i- LURITS) ngoHlelo Lokuphathwa Kwezemfundo Nolwazi(i- EMIS) eSifundazweni kuzokwenza ukuba uMnyango ukwazi ukuqoqa imininingwane eyikhwalithi ethe thuthu, ngaleyo ndlela kube lula ukuthatha izinqumo zokuhlela nokuphatha.

NgoHlelo lwe- LURITS, kuzoqoqwa imininingwane yomfundi ngamunye ezikoleni ezejwayelekile kanye nasezikoleni eziyisipesheli ezweni lonke kusukela ebangeni R kuya ebangeni 12, futhi lolu hlelo luzosetshenziselwa ukulandela umkhondo wokusuka kwabafundi kwesinye esikole baye kwesinye, impilo yabo yonke yokufunda. Sizofaka izinhlelo ze- SA SAMS ne- LURITS ezikoleni eziyizi- 4344 ngonyaka wezi- 2010/11. Kubekwe imali engama **R38,6 million** ukubhekana nalo msebenzi.

Isitatimende Sohlelo Lokufunda Nokufundisa SikaZwelonke

Bonke othisha bazothola ukuqeqeshwa ngolwazi olusha lokuvala amagebe kanye nangezindlela zokuhlola ukuqinisekisa ukuqalisa kokusebenza ngempumelelo nokusekwa kohlelo lwe- NCS ebangeni 10 kuya kwele- 12. Okuzoba seqhulwini ngukuqeqeshwa kothisha abayinkulungwane namakhulu ayisithupha (1 600) olwazini olusha lwe- Mathematics.

Sihlalo Ohloniphekile, ukubhekana neselelo yokungenzi kahle kwabafundi emsebenzini wabo okugqama kakhulu lapho sebesezikoleni zamabanga aphezulu, kumele sithuthukise ikhono lezingane zethu lokufunda, ukubhala kanye nokubala zisesemabangeni aphansi eminyaka yokuqala esikoleni. Lolu hlelo oseluzoqaliswa nguMnyango Wemfundo Eyisisekelo lokukhishwa kwamabhuku okusebenzela ngazo zonke izilimi ezisemthethweni ezingama- 11 kanye nokuhlinzekwa kothisha ngezinhlelo zezifundo nezinye izimpahla zokweseka luzosiza kakhulu ekunyuseni amazinga e- Literacy ne- Numeracy. Kuthenjwa ukuthi izinhlelo zokuvivinywa kwabafundi ebangeni 3, 6 nele- 9 zizosiza ekusheshiseni kokuhlonzwa kwezinkinga kanye nezindlela zokusiza ezisebenza ngempumelelo ohlelweni ngobubanzi balo. Sihlose ukwenyusa amazinga okuphasa ukusuka esilinganisweni esikuso manje esiphakathi kwama- 35% nama- 40% ukuze afinyelelele okungenani kuma- 60% ngonyaka wezi- 2014.

Ukubhekana nalokhu, kumele sicacise bha iqhaza lolimi lweSingisi ohlelweni lwezikole zethu kanye nemumo wezilimi zomdabu.

I-Mathematics, i- Science kanye ne-Technology

Ukuze kube nemiphumela eyikhwalithi yezemfundo kwi- Mathematics, i- Science ne- Technology, sizoqinisa ukuhlinzekwa kokwesekwa kwezikole ezingaphansi kohlelo lwe- Dinaledi ezikoleni ezingamashumi ayisishiyagalombili nesishiyagalombili (88). Sihlose ukunikezela ama- scientific calculator, ukungezelela izinsizakufunda zesayensi kanye nokwandisa ukwesekwa kwezikole ezikhiphela abafundi ezikoleni zamabanga aphezulu ngokuthi kuqeqeshwe othisha bazo kwi- Mathematics, i- Science ne- Technology. Ukwesekwa kuzogxila ekuthini isikole leso sidinga kangakanani futhi kuzoba yinto eqhubekayo ikakhulu emikhakheni esemqoka ye- Mathematics, i- Mathematical Literacy kanye ne- Science ebangeni le- 10 kuya kwele- 12.

Ezokuphepha Ezikoleni

Sihlalo, kusemqoka kakhulu ukuthi izikole zibe yindawo ephephile, evikelekile nenothando lapho kuhlonishwa khona indlela yokucabanga nokuziphatha okuhle okunjengobuqotho. Sifisa ukuqinisekisa ukuthi zonke izikole zethu azinabo ubugebengu, udlame kanye nokuhlukunyezwa ngokocansi. Ubugebengu bungenye yezinto ezinhlanu (5) eziseqhulwini okumele kubhekwane nazo kule minyaka emihlanu (5) ezayo. Ezikoleni, impatho eqinile yiyona nto esemqoka ekudaleni isimo esivumela ukufunda nokufundisa. Sizoqinisekisa ukuthi zonke izikole zethu eziyizi- 6000 zinaMakomidi Ezokuphepha Nokuvikeleka asebenzisana neziteshi zamaphoyisa ezisendaweni nokuthi izikole zibamba iqhaza ezithangamini zokuphoyisa komphakathi ezisezindaweni zazo. Selokhu kuqashwe onogada bokuvikela abakhokhelwa nguhulumeni, ikakhulu ezikoleni ezihlwempu ezisezingeni (quintile) lokuqala nelesibili, izigameko zobugebengu ezikoleni zehlile. Ubugebengu ezikoleni buyinkomba yamazinga obugebengu obusemphakathini futhi sisazoqhubeka sikhungathwe yile nkiyankiya yobugebengu ezikoleni zethu uma umphakathi ungahlangani ubhekane nale nkinga ehlasele isizwe. Ukucekelwa phansi kwezikole nganoma yingasiphi isizathu kubukela phansi umsebenzi wezimali ezitshalwe ezikoleni, futhi akumele kubekezelelwe.

Imiphakathi kumele ibe ngabanikazi bezikole. Kancane, kancane kume sehlise, sigcine sesisiqede nya isimo sokucekelwa phasi kwezikole zethu. Ukuhlaselwa kwezikole nokushiswa kwazo kulwisana nemizamo yokuhlinzeka ngengqalasizinda esezingeni elifanele neyanele. Izimali okumele ngabe zisetshenziselwa ukukhuphula izinga lemfundo yasezikoleni zomphakathi igcina seyisetshenziselwa ukukhandwa nokulungiswa kabusha kwezikole okungapheli.

Ezokuthuthwa Kwabafundi

Ukwandiswa kokufinyelela ezikoleni ikakhulu kulabo abahlwempu kwenza kube nesidingo sokuthi kuhlinzekwe ezokuthuthwa kwabafundi ababa nezingqinamba ekufinyeleleni ezikoleni ezisondelene nabo. Njengamanje sisemalungiselelweni okwenza iSivumelwano Sokuqondisisa noMnyango Wezokuthutha, okuzothi maduzane, kuwo lonyaka wezimali, lo msebenzi siwudlulisele kubona. uMnyango Wezokuthutha yiwona ophathiswe ukuba uhlinzeke futhi ulawule ezokuthuthwa komphakathi esifundazweni. Okwamanje bayizinkulungwane ezimbili, amakhulu amathathu namashumi amane (2 340) abafundi bezikole ezingama- 26 abahlomula kulolu hlelo lokuhlinzekwa ngezokuthuthwa. Lolu hlelo luhlinzekwa nge-minibus, amabhasi ayi- 18 kanye namakhumbi angama- 50; kanti- ke izinhlelo sezimi ngomumo zokwenyusa lesi sibalo sibe yizi- 9 000 kunyaka wezimali wezi- 2010/11.

Uhlelo LukaZwelonke Lokuphakela Ukudla Ezikoleni

UMnyango uyaweseka umkhankaso kaNdunankulu weNgadi Ngayinye, Esikoleni Ngasinye i- '**One School One Garden'**. UMnyango uzoqinisekisa ukuthi umhlaba ongasetshenzisiwe ezikoleni usetshenziselwa ukusungula ingadi yamaveji ukwengezelela oHlelweni LukaZwelonke Lokuphakeka Ukudla Ezikoleni (i- NSNP). Inhloso kuzoba ngeyokusungula izingadi zamaveji okungenani ezikoleni eziyizinkulungwane ezimbili, amakhulu ayisishiyagalombili neshumi nesishiyagalolunye (2 819) ezisoHlelweni LukaZwelonke Lokuphakela Ukudla Ezikoleni.

UMnyango, ngokubambisana neZinhlangano Ezingekho Ngaphansi kukaHulumeni (ama- NGO) kanye nomkhakha wamabhizinisi usezinhlelweni zokuqinisa lezi zinhlelo ngokwenza ucwaningo nokusungula izimpahla zokuqeqesha ukuze kwenziwe ngcono amakhono othisha, abazali nabafundi ekusimamiseni uhlelo lokuphakela ukudla ezikoleni. Kulo nyaka wezimali sihlose ukusabalalisa lolu Hlelo LukaZwelonke Lokuphakela Ukudla Ezikoleni lufinyelele ezikoleni

ezisezingeni 3 (quintile 3), futhi sethemba ukuthi sizophakela abafundi abayi- 1,817 817. Izokwenyuswa futhi imali yokuphakela umfundi ngamunye ngosuku ukuze kuqinisekiswe ubungako bomsoco osekudleni okuzinzile, kanti- ke ukudla kuzohlinzekwa eziikoleni eziyi- 195. Isabelomali soHlelo LukaZwelonke Lokuphakela Ukudla Ezikoleni ngama- **R 855 285 million.**

Izikole Ezingayikhokhisi Imali Yesikole

Ngenqubomgomo yezikole ezingayikhokhisi imali yesikole yalo hulumeni, ukusatshalaliswa kwezimali zezindleko zokusebenza sekuguquliwe ukuze kusizakale leyo miphakathi entulayo. Emzamweni wokwethula umthwalo imphakathi ehlwempu, uMnyango uzokwandisa iNqubomgomo Yezikole Ezingayikhokhisi Imali Yesikole ukuze ifake nezikole eziseZingeni 3. Ngaphezu kwalokho, ikhona imali ebekelwe eceleni lezo zikole eziseZingeni 3 kuya kwelesi- 5 ezinabafundi abaphuma emakhaya antulayo. Kulo nyaka wezimali, bayi- 1 746 651 abafundi abazohlomula kule Nqubomgomo Yezikole Ezingayikhokhisi Imali Yesikole.

ISandulelangculazi neNgculazi

Sihlalo, maqondana neSandulelangculazi neNgculazi uqobo, uMnyango ukhuthaza ukuba kube nenguquko ekuziphatheni ikakhulu entsheni ukuze kunqandeke ukubhebhetheka kwayo esifundazweni. Sekubekwe eceleni isamba sama- **R 42, 6 million** ukuhlinzeka ezinye izimpahla zokweseka izintandane nezingane ezikhahlamezekile, kunikezelwe ngezinsizakufundisa nokufunda okuhambisana neminyaka yobudala yabafundi kuzo zonke izikole ukuze imilayezo yokugwema iSandulelangculazi nengculazi izongena ohlelweni lokufunda nokufundisa nasekuqeqesheni othisha abayi- 180 emakhonweni okweluleka okuyisisekelo. Kuzophinde kuqeqeshwe othisha abayizi- 4000 ekudidiyelweni kweSandulelangculazi neNgculazi ezinhlelweni zamakhono okuphila.

Izikole njengeZikhungo Zokunakekela Nokweseka

Ukwanda kweZintandane Nezingane Ezikhahlamezekile (i- OVC) esifundazweni kuhleli kuma- 19%, kanti kwezinye iziFunda , njengasesiiFundeni Ugu, khona kuthe ukuba phezulu njengoba kuhleli kuma- 33%. Esifundazweni, izikole eziyinkulungwane, amakhulu amathathu neshumi nanye (1 311) ezinezinga eliphezulu leZintandane Nezingane Ezikhahlamezekile zizothola isabelo

sama- **R12 000** isikole ngasinye yokunakekela nokweseka lezi Zintandane Nezingane Ezikhahlamezekile. Laba bafundi bazohlinzekwa ngezinto ezifana nezinhlelo zamakhono okuphila, ukwesekwa ngokomqondo, imifaniswano kanye nokunye, kuncike ezidingweni ezingaba khona.

UMnyango uzogxila emkhankasweni wokwenyusa inani lezikole elinezinhlelo zezintandane zibe yizinkulungwane ezimbili namashumi ayisithupha nane (2064). Ngaphezu kwalokho uMnyango uhlose ukwenyusa inani lezikole ezigqugquzela ezempilo zibe yikhulu namashumi ayisikhombisa nanhlanu (175); ukwenyusa izikole eziyizikhungo zokunakekela zibe ngamakhulu amhlanu namashumi amathathu nesishiyagalolunye (539); kanye nokuhambela izikole zamabanga aphansi eziyizinkulungwane ezimbili, amakhulu amathathu neshumi nesishiyagalolunye (2319) okungenani kanye ngenyanga ukuyohlola ezempilo. Siyakuthokozela kakhulu ukusebenza ngokubambisana nama- NGO kanye nomkhakha wamabhizinisi ngoba lokhu kwenyusa amandla esiFundazwe okunakekela izingane ezidinga usizo.

Izikole Zezidingo Eziyisipesheli

Ngokwe- White Paper 6, iMfundo evuleleke kubo bonke ikhuthaza ukuhlalisana okuvulelekile ezikoleni zethu. Injongo ngukuvulela bonke abafundi amathuba okufunda alinganayo ngaphandle kokubhekelela izidingo zabo eziyisipesheli. UMnyango sewugxile ohlelweni oluzokwenziwa ngezigaba lokuqalisa iZikole Ezihlinzeka Konke. Zingamashumi amahlanu (50) izikole eseziguqulelwe ekubeni izikole ezihlinzeka konke, bese kuthi zibe yi- 13 izikole eziyisipesheli ezizoba yizikhungo ezihlinzeka ngezinsizakusebenza. Kuzohlinzekwa amathuluzi okweseka kanye nezokuthutha ezikoleni ezihlinzeka konke kanye nalezo eziyisipesheli ezisetshenziswa njengezikhungo ezihlinzeka ngezinsizakusebenza. Kulo nyaka wezimali wezi 2010/11 kuzogxilwa ekuhlinzekweni ngezinsizakusebenza nengqalasizinda ezizokwenza ukuba izikole ezihlinzeka ngakho konke kanye nalezo eziyisipesheli zinikezele ngezinhlelo zokunakekela nokweseka kubo bonke abafundi, ikakhulu kulabo bafundi abahlangabezana nezingqinamba. Kuzogcwaliswa izikhala zokusebenza eziyikhulu (100) zaBeluleki kanye nezinye eziyi- 100 zabelekeleli ezikhungweni zokweseka ezingama- 24 ezizosungulwa ezikoleni ezihlinzeka ngakho konke.

Ukuhlalisana Kahle Komphakathi, Ezemidlalo, Ubuciko kanye Namasiko

Kumele sigqugquzele ukuculwa kweculo lesizwe, ukundiziswa kwefulegi lesizwe kanye nokugcina izimpawu zethu zesizwe ukuze sikwazi ukuvuna izithelo zokubuyisana kwesizwe kanye nokuhlalisana kahle komphakathi. Lokhu kuzosiza ekugxiliseni ukuthanda nokushisekela izwe lethu kanye nokwakhiwa kwezwe elingenakubandlulula ngokobuhlanga nangokobulili kanjalo nezikole zethu zibe yisibonelo sezwe esifisa ukuba yilo. Ukuthanda nokushisekela izwe lethu kanye nokuzazi kwesizwe kufanele kukhuthazwe ezinganeni zethu ngaso sonke isikhathi.

Kulindeleke ukuthi umdlandla weNdebe YoMhlaba yeFifa yowezi- 2010 ungaqedwa nguMnyango Wezemfundo. Izikole zizoqhubeka nezinhlelo zokuthuthukisa ezemidlalo, ezamasiko nobuciko, abafundi abazicija kuzo ukuze bakhombise umhlaba wonke ngoMqhudelwano Wamanqamu Wendebe YoMhlaba Yebhola Likanobhutshuzwayo. Ingqalasizinda eyakhelwe iNdebe Yomhlaba Yebhola Likanobhutshuzwayo kumele isetshenziselwe ukuthuthukisa izikhungo zezingane zethu zezemidlalo namasiko. Yingakho- ke kube semqoka ukuba sisebenzisane noMnyango Wezasekhaya ukuze ingqalasizinda isetshenziswe ngokufanele emidlalweni yezikole. Sizoqinisekisa ukuthi zonke izikole zethu ziyahlomula ezinhlelweni zesifundazwe zemidlalo, ezobuciko nezamasiko. “Kumele ngokubambisana sivuselele udumo lweKwaZulu-Natali lokwaziwa njengeSifundazwe Sezemidlalo, esinekhono lokunakekela nokuphucula ithalente laso ukuze lilondolozwe noma kwakhiwe ongoti kwezemidlalo abakwazi ukuqhudelana ngokulinganayo nabadlali abaphambili emhlabeni”.

Imisebenzi Yolwazi Lwezobuchwepheshe Emitapweni Yolwazi Yezemfundo

Kulo nyaka wezimali uMnyango uzosungula izikhungo ezintsha zezokwazisa ezingama- 25 ezindaweni zasemakhaya nezingenazo izinsizakufunda ezanele ngesamba esingama- **R12 million**. Sizophakela izikole ezingama- 500 ngempahla yomtapo wolwazi njengengxenye yokuqaliswa kokusebenza kweNqubomgomo Yomtapo Wolwazi Wezikole yaKwaZulu-Natali. Sizokwazi ukusekela imitapo yolwazi engomahambanendlwana eyi-12 ngesamba sama- **R18 million**, okunguhlelo lokufinyelela ukuqinisekisa ukuthi izikole zasemakhaya ezingenazo izinsizakufunda ezanele ziphakelwa ngezinsizakufunda zomtapo wolwazi ezifanele, ezihambisana nesikhathi nezilingene. Sithole futhi sanikwa amandla okusebenzisa imitapo yolwazi engomahambanendlwana emine kuhulumeni waseJaphani, kanti- ke le mitapo yolwazi izoyiswa eziFundeni ezingenazinsizakufunda ezanele.

Uhlelo Lokwenyusa Izinga Lokweseka Nokuthuthukisa Ukwenza Ngcono Iqophelo (i- QIDS-UP)

UMnyango wabele uhlelo lwe- QIPDS-UP ama- **R154, 7 million.** I-QIDS-UP ngumzamo kazwelonke okuhloswe ngawo ukwenza ngcono ukukwazi ukufinyelela ekufundiseni okuyikhwalithi nakunsiza zokufunda zabafundi ezikoleni ezisemiphakathini ehlwempu. Uhlelo lusophe ukuhlinzeka izikole zamabanga aphansi ezisezingeni (quintile) 1,2 no 3 ngezimpahla eziyisisekelo

eziyizinsizakufunda ezifanele, ngokunjalo nokulungisa kabusha kanye nokuthuthukiswa kwamagumbi okufundela ebanga R ezikoleni ezihlonziwe.

Ukuthuthukiswa Kokuphatha

UMnyango uzoqinisekisa ukuthi kunobuholi nokuphatha okusebenza ngempumelelo ezikoleni. Kuzoqiniswa ukwesekwa kokubusa nokubandakanywa komphakathi. Abasebenzi boMnyango kanye namalungu ephalamende bazohambela izikole ngenhloso yokuzoqapha. Sizokusukumela ukuqinisekisa ukuthi izikole zethu ziba yizikhungo zokuphuma phambili kwezemfundo. Ngonyaka odlule othishanhloko bezikole ezingama- 50 nezimenenja zamaWadi eziyi- 6 bahlomula ohlelweni lokuthuthukisa nokuphatha lothishanhloko olwaluholwa yinhlanganisela yezikhungo okubalwa kuzo iNyuvesi yaKwaZulu-Natali, nesisikhungo sokuqeqesha sakwa-PSA futhi lwabe luxhaswe ngezimali yi- J and J Projects Foundation. Kulo nyaka uMnyango uzotshala ama- **R5 million** kulolu hlelo ukuze kuthuthukiswe ama- 506 othishanhloko nezimenenja zamawadi.

Ukusebenza ngaphansi kweSigaba 21

Kuyinjongo yoMnyango ukuba zonke izikole zinikezelwe ukusebenza ngaphansi kweSigaba 21 njengalokhu kusho uMthetho Wezikole waseNingizimu Afrika we-1996. Okudingekayo ngukuthi isikole sibe namandla okuzilawulela ngokwaso ukusebenza kwesabelo saso. Emshikashikeni wokuzama ukufezekisa le njongo izikole ezingekho ngaphansi kweSigaba 21 zamenywa kusukela ngoMandulo wezi- 2009 ukuba zifake izicelo zokusebenza ngaphansi kweSigaba 21. Kwamukelwa izicelo ezivela ezikoleni eziyi- 2391 futhi uqeqesho lwahlinzekwa ezikoleni ezabe zifake izicelo. Izikole ezinawo amandla okwenza imisebenzi ngempumelelo ziyokunikezwa amandla okusebenza ngaphansi kwesigaba 21.

Lezo zikole ezingaphumelelanga zizohlonyiswa ngamandla ukuze zikwazi ukuhlangabezana nezidingo ezibekiwe ngaphambi kokuba zinikwe ithuba lokuba ziphinde zifake izicelo zokusebenza ngaphansi kweSigaba 21.

Ukuhlola Okuhlelekile

Enye yezinto uMnyango ozibeke eqhulwini ngukwenza ngcono ukusebenza kwabafundi, ikakhulu ezikoleni zamabanga aphansi. Ukuhlola Okuhlelekile kanye Nokuhlola Konyaka Kukazwelonke

kusetshenziselwa ukukala ukuthi uhlelo lwezemfundo luqhuba kanjani. Njengengxenye yoHlelo Lukahulumeni Lokusebenza, uKuhlola Kukazwelonke kuzokwenziwa ebangeni 3, 6 nele- 9.
Ngalolu hlelo kuzohlolwa abafundi abenziwe amasampula ezikoleni ezikhethiwe. Emveni kokubheka imiphumelo yalokhu kuhlolwa, kuyobe sekuhlonzwa izindawo ezithile okumele kube nezinhlelo zokungenelela kuzo. Kwabiwe isamba sama- **R 23,8 million** ukubhekana nokungenzi kahle kwabafundi emkhakheni we- General Education and Training.

Izikole Ezizimele

Ukusabela ekhweleni loMthethosisekelo wezwe, uMnyango Wezemfundo usazoqhubeka nokuqapha futhi welekelelele iZikole Ezizimele esifundazweni. Kulokhu- ke kubekwe isamba esingama- **R 59, 7 million** sokuxhasa iZikole Ezizimele. Isifundazwe sinabafundi abazi- 57 462, abafundiswa ngothisha abayizi- 4 023 ezikoleni ezizimele ezingama- 221 (ngokwe- Snap Survey sowezi- 2010). Baneqhaza elibonakalayo ekuqinisekiseni ikhwalithi emphumeleni yezemfundo

Isiphetho

Sengiphetha, Sihlalo, kumele sikwazi ukuqonda kahle ukuthi yiziphi izinto ezinqala futhi isabelomali sethu kumele sikhombise ukuthi izinto ezinqala azikho ezingeni eliphansi kepha ziyisisekelo okuzosetshenzelwa phezu kwaso ukuba kuyiwe phambili. Sifisa ukwenanela kulokho okushiwo uNobhala Wezemfundo waseMelika, u- Richard Riley lapho ekhuluma khona ngemfundo yaseMelika, e-Antlanta; "*Kepha kusekuningi kakhulu okumele sikwenze, iningi lentsha yethu isala endleleni. Akwanele ukuba sibe nezifiso ezinkulu noma ukuba sibeke amaqophelo ayinselelo. Kumele senze amaqophelo okwenza kahle kakhulu asebenze. Lokhu kuwuhlelo lwami".* Nakanjani, lokhu kufanele kube wuhlelo lwethu nathi.

Ukubonga

Sihlalo, ngithanda ukubonga laba abalandelayo abasinika ugqozi, ukubonga okukhethekile ngikubhekisa kuNdunankulu, uDkt. Zweli Mkhize ngobuholi bakhe kanye nokwesekwa ngozakwethu abaSesigungwini Esiphezulu. Ngithanda futhi ukunibonga Malungu Ahloniphekile Endlu ngentshisekelo yenu kwezemfundo. Ngibonga uSihlalo naMalungu eKomidi Leqoqo

Lezemfundo ngokuhola okunokuqonda. Ngibonga umsebenzi omuhle owenzelwe izingane zaKwaZulu-Natali nguNsumpa Jikelele kanye nabo bonke abasebenzi boMnyango.

Ngithanda futhi ukubonga bonke abasebenzi abasebenza ngokuzibophezela, oThisha, iZigungu Ezilawula Izikole, abazali kanye nabafundi. Masizinikele emsebenzini nokwenza okungaphezu kwalokhu okumele sikwenze.

Uma sisebenza ngokubambisana singenza okuningi. Ngiyabonga.